



Your health. Your rights.



ISIZULU

For you. For health. For life.

UMkhandlu Wezikimu Sezokwelapha

uyinhlangotho esemthethweni eyasungulwa uMthetho Wezikimu Zezokwelapha (131 we-1998) ukuze uhlinzeke ngokwengamela ukuhambisa ngomthetho ukukhokhela ezempilo okungekho ngaphansi kukahulumeni ngezikimu zezokwelapha.

Umbono.

Ukugqugquzela umshwalense wokunakekela kwezempilo okuhlaba umxhwele nokufinyelelekayo kwawo wonke umuntu.

2

Inqubo yokufaka isikhalazo.

Okuphokophelwe

UMkhandlu Wezikimu Zezokwelapha ukubhekelela ukuhambisa ngokomthetho kwemboni yezikimu zezokwelapha ngendlela engenzeleli futhi ebeka konke obala futhi iukuza lokhu ngale ndlela:

- ngokuvikela umphakathi kanye nokuwazisa mayelana namalungelo awo, izibophezelo zawo kanye nangezinye izindaba, ngokuphathelene nezikimu zezokwelapha;
- ngokuqinisekisa ukuthi izikhalazo zomphakathi zibhekelelwa ngendlela efanele futhi nangokushesha;
- ngokuqinisekisa ukuthi zonke izikhungo ezisebhizinisini lezikimu zezokwelapha, kanye nezikhungo ezinganyelwe ngokusemthethweni, sihambisana noMthetho Wezikimu Zezokwelapha;
- ngokuqinisekisa ukuthi kunokwengamela kanye nokulawula okwenziwe kangcono kwezikimu zezokwelapha;
- ngokucebisa uNgqongqoshe Wezempilo ngokuphathelene nokungenelela kokwengamela kanye nokwengomgomo okufanele okuzosiza ukuze kuzuwe okuphokophelwe mayelana nomgomo kazwelonke wezempilo; kanye
- nangokuqinisekisa ukusebenzisana nezinye izikhungo ekwenzeni umsebenzi wokwengamela esinikiwe iqunya kuwo.

AMALUNGU EZIKIMU ZEZOKWELAPHA ANAMALUNGELO.

3

Unelungelo lokuthi UNGACWASWA ngendlela engafanele ngokusekela kulokhu okulandelayo:

- Uhlanga
- Iminyaka yobudala
- Ubulili
- Isimo Sakho Ngokuphathelene Nomshado
- Imvelaphi yakho ngokuphathelene nendabuko noma ezenhlalo
- Ubulili bomuntu okhetha ukuba nobudlelwane naye
- Ukukhubazeka
- Isimo sakho ngokuphathelene nezempilo

Ungangena esikimini sezokwelapha osithandayo... inqobo nje uma ukwazi ukusikhokhela futhi uma umqashi wakho engadingi ukuthi ungene esikimini esithile.

Kodwa khumbula ukuthi: Isikimu kumele sibhaliswe Kumkhandlu Wezikimu Zezokwelapha - noma ngeke ukwazi ukuqinisa ilungelo lakho.

Abathembele kuwe banelungelo lokuvikelwa isikimu sakho.

“Othembele kuwe” uchazwa kuMthetho Wezikimu Zezokwelapha ngale ndlela elandelayo:

- Oshade naye / umlingani wakho
- Izingane ezithembele kuwe
- Amanye amalungu omndeni wakho ngqo onesibophezelo sokuweseka
- Noma ngabe yimuphi omunye umuntu ngaphansi kwemithetho yesikimu
- Oyingane eneminyaka engaphansi kwengama-21 noma ngaphezulu uma lokhu kuvunywa yimithetho yesikimu

Abathembele kuwe banelungelo lokuqhubeka nobulungu besikimu.

Uma ilungu eliyinhloko lishona, abathembele kulo kumele bavikelwe baze banqume ukushiya esikimini, bangene esikimini esifanayo ngokwabo, noma bangene kwesinye isikimu, inqobo nje uma bekwazi ukukhokha izimali okumele zikhokhwe.

Isikimu sakho sezokwelapha ASIKWAZI ukukhokhisa kakhulu ngenxa yokuthi umdala noma ugula kakhulu. Ukushiyana phakathi kwamazinga ezimali ezikhokhwayo kungenzeka kuphela ngokusekela kulokhu:

- iholo, kanye
- nenani labathembele kuwe
- noma kokubili.

Kodwa-ke, uma ungena esikimini sezokwelapha okokuqala sewukhule kakhulu, kungenzeka kudingeke ukuthi ukhokhe kakhulu, noma ukuthi ulinde isikhathi esijana ngaphambi kokuthi uthole imihlomulo ethile.

For you. For health. For life.

Zonke izikimu Zezokwelapha kumele zihlinzeke imihlomo eyisisekelo ebizwa ngokuthi Imihlomulo Emincane Enqunyiwe - ama-PMB.

Uma isifo sakho sivikelwe Imihlomulo Emincane Enqunyiwe (isib. izifo zemidlavuzwa eziningi kanye Negciwane Lesandulela Ngculazi/Isifo Sengculazi), izinga elincane lokunakekela kumele lilingane nalokho okutholakala emkhakheni kahulumeni.

Isikimu sakho kumele sikhokhele izicelo zokukhokhelwa ngesikhathi.

Isikimu sakho sezokwelapha kumele sikhokhele izicelo zokukhokhelwa ezisemthethweni kungekadluli izinsuku ezingama-30 ngemva kokuthola kwezicelo zokukhokhelwa. Uma ukuhlonzwa kwesifo Kwemihlomulo Emincane Enqunyiwe kungaqinisekiswa, kumele kuthunyelwe imininingwane eyengeziwe Esikimini udokotela okwelaphayo / ohlinzeka ngezinsiza ukuze kuvunyelwe Isikimu ukuthi sihlale ukuthi ngabe isicelo sokukhokhelwa siyanga yini emihlomulweni Yemihlomulo Emincane Enqunyiwe.

Unelungelo lokuthola izitatimende njalo ngemva kwesikhathi esithile.

Ukwengeza ekukhokheni i-akhawunti, isikimu kumele sikunike izitatimende ezichaza -

- Igama lohlinzeka ngensiza (udokotela, isibhedlela, usokhemisi njill.).
- Usuku lokuhlinzekwa kwensiza.
- Inani eliphelele lwemali ekhokhisiwe.
- Inani lomhlomulo elikhokhiwe.

Unelungelo lokuphinde ufake isicelo sokukhokhelwa uma isikimu singazange sikhokhele isicelo sokukhokhelwa esisemthethweni kungekadluli izinsuku ezingama-60.

Uma isikimu sezokwelapha sikholelwa ekutheni i-akhawunti noma isicelo sokukhokhelwa akusona esifanele noma asemukelekanga, kumele - Sikutshela kungekadluli izinsuku ezingama-30, sikunikeza izizathu zokungavumi ukukhokha bese sikuvumela ukuthi uphinde ufake isicelo sokukhokhelwa.

Unelungelo lokubamba iqhaza ekwenganyelweni kwezikimu.

Okungenani u-50% wamalungu ebhodi lesikimu labaphatheli abaqokiwe kumele likhethwe kumalungu esikimu, ngamalungu.

Kumele kubanjwe imihlangano jikelele yonyaka, lapho amalungu ezobeka khona imibono yawo, abuze imibuzo futhi ethule iziphakamiso.

Unelungelo lokuthola ulwazi mayelana nesikimu sakho.

- Isikimu kumele sikunike ulwazi uma ulucela ngokuphathelene:
- Nemithetho kanye nemihlomulo yesikimu.
- Izitatimende zakamuva zezezimali zonyaka.
- Ukwenganyelwa kwama-akhawunti kanye nezitatimende zezezimali zonyaka ezipheleza lokhu.
- Uhlu lwemigomo kanye nemithi egunyazelwe izifo ezithile.

Unelungelo lokudlulisa isaziso ngokuphathelene nezinguquko kulokhu:

- Izimali ezikhokhwayo
- Imihlomulo, noma
- Nanoma yiziphi izinguquko ezinomthelela kubulungu.

Unelungelo lokugcinwa kweminingwane yakho yezempilo iyimfihlo.

Isikimu sakho kumele sigcine iminingwane ngokuphathelene nokuhlonzwa kwesifo, ukwelashwa kanye nesimo sezempilo sakho kanye nesabathembele kuwe.

Unelungelo lokuthola ubufakazi bobulungu.

- Isikimu kumele sinikeze ilungu ngalinye ubufakazi obubhalwe phansi ngokuphathelene nobulungu obuhlanganisa:
- Usuku lokufaneleka ukuthola imihlomulo.
- Imininingwane ngokuphathelene nanoma yiziphi izikhathi zokulinda noma ezinye izimo ezisebenzayo isib. Inhlawulo Yokungena Sekuhambe Isikhathi.

Unelungelo lokukhalaza esikimini sakho sezokwelapha uma kungahlonishwa nanoma yiliphi kulawa malungelo noma uma insiza inganele ngandlela thize.

Uma usukwenze konke obungakwenza ngokuphathelene nokukhalaza esikimini sakho kanye nasekomidini laso lokuzulula ukungaboni ngasolinye - ungabika lokhu emnyangweni wezikhhalazo Womkhandlu Wezikimu Sezokwelapha noma ufake isikhhalazo ngqo kuMkhandlu uma ungathokozile ngalokho okutholakele.

UNOMSEBENZI WOKUTHI...

Ube qotho futhi uvuleleke esikimini sakho noma uma ungena esikimini sezokwelapha. Uma kutholakala ukuthi unikeze ngolwazi olungelona iqiniso, kungenzeka ulahlekelwe ubulungu bakho noma bumiswe. Uma wenza okungekho emthethweni, ungathweswa icala lobugebengu.

Ungafaki izinguquko zokukhokhelwa ezingekho emthethweni isib. ukukhuphula imali oyifakele isicelo sokukhokhelwa, noma ufake izinguquko zokukhokhelwa ukuze uthole izibuko zelanga kanye nezinto zokugcoba noma ezinye izinto ezingavunyelwe yisikimu sakho.

Kumele udalule noma yiluphi ulwazi lwezempilo oluphathelene nawe uma ubuzwa ngesikhathi ufaka isicelo sokungena esikimini.

Khokha izimali ezikhokhiswayo (ngesikhathi).

Izimali ezikhokhiswayo kumele zikhokhwe ngqo esikimini sakho sezokwelapha ngesikhathi, ngaphandle wenze uhlelo lokukhokha nomqashi wakho.

5

For you. For health. For life.

OKUYIMIKHAWULO NGOKUPHATHELENE NAMALUNGELO AMALUNGU.

Amanye amalungelo kungenzeka abe nemikhawulo emithethweni yesikimu sakho.

Imithetho yesikimu kungenzeka ibe nezivimbelo kanye nemikhawulo ngokuphathelele namanani akhokhwayo ezintweni ezingavikelwe uMthetho Wezikimu Zezokwelapha, imithetho yaso kanye Nemihlomulo Emincane Enqunyiwe. Ezinye izikimu, isibonelo, zibeka umkhawulo emihlomulweni ephathelene namazinyo kanye namehlo. Kubalulekile ukuthi uzijwayeze ngemithetho yesikimu sakho. Ezinye izinketho zesi-kimu zivikela yonke imihlomulo u-100%; ngesikhathi ezinye izinketho esikimini esifanayo zingavikela ngokuncane kunalokho.

Ezinye izikimu zingadinga ukuthi uthole ukugunyazwa ngaphambi kokuthi okunye ukuhlinzwa kuvikelwe noma kwenziwe.

Lokhu kanye nezinye izindlela zokungenelela zokonga imali ezibizwa ngokuthi “ukunakekela okwenganyelwe” futhi kungenzeka kusetshenziswe - kodwa kumele kube khona emithethweni yesikimu sakho.

* Uma isikimu sakho sinenkontileka nenkampani yezi-bhedlela ezithile, odokotela kanye nosokhemisi abathile ngokuphathelele nezinsiza, kumele kube khona emithethweni yesikimu sakho.

6

Inqubo yokufaka isikhalazo.

Isikimu kungenzeka singavumi ukukhokhela isicelo sokukhokhelwa esifakwe ngemva kwezinyanga ezine ngemva:

- Kosuku lokugcina lokuhlinzekwa kwezinsiza, njengoba kushiwo ku-akhawunti, noma
- Kosuku i-akhawunti eyabuyiselwa ngalo emuva ukuze ilungiswe.
- Akekho phakathi kwamalungu, noma abathembele kuwo, ongaba esikimini esingaphezu kwesisodwa nganoma yisiphi isikhathi. Amalungu awakwazi ukudlulisela imihlomulo kubantu abangabhalisiwe esikimini sabo sezokwelapha.

Akukho muntu ongakwazi ukwenza lokhu:

Ongaba othembele elungwini esikimini esingaphezu kwesisodwa, isib. ingane ayikwazi ukubhaliswa ezikimini zezokwelapha zabo bobabili abazali bayo.

Ukufaka isicelo sokukhokhelwa esikimini esingaphezu kwesisodwa. Lokhu kungathathwa njengecebo lokukhohlisa.

Izikimu kungenzeka zibeke izivimbelo ngokuphathelele nokushintsha phakathi kwezikimu kuze kube sekuqaleni konyaka. Izikimu kungenza zicele ukwaziswa kusenesikhathi ngaphambi kokuba kwenziwe izinguquko.

Izikhathi zokulinda kanye nenhlawulo yokungena sekuhambе isikhathi kungenzeka zisetshenziswe ngaphansi kwezimo ezithile

ezingeziningi. Lezi zimo kumele zihambisane noMthetho Wezikimu Zezo-kwelapha.

Emva kokubhaliselwa ubulungu isikimu singasebenzisa lokhu:

- Isikhathi sokulinda jikelele esiyizinyanga ezi-3.
- Isikhathi sokulinda ngokuphathelene nesifo esithile esiyizinyanga eziyi-12 (CSWP) ngokuphathelene nezifo avele enazo.
- Isikhathi sokulinda ngokuphathelene Nemihlomulo Emincane Enqunyiwe
- Inhlawulo Yokungena Sekuhambe Isikhathi

Ngaphandle kwalokhu:


- Ukukhansela ubulungu ngenxa yokuphathelene nokuqashwa noma uma umqashi eshintsha izikimu.
- Ingane ezalwe yilungu
- Ukushintsha phakathi kwezinketho zemihlomulo

OKUHLINZEKELWAYO OKUSEBENZA EZIKHATHINI ZOKULINDA.

Uhlobo	Izinyanga ezi-3 Isikhathi Sokulinda Jikelele	Izinyanga eziyi-12 Isifo Esithile Ngokuphathelene Nesikhathi Sokulinda	Ukufaka Isicelo Semihlomulo Emincane Enqunyiwe
Abafaka izicelo abasha, noma noma abantu abangewona amalungu izinsuku ezingama-90 ngaphambi kwalokho	Yebo	Yebo	Yebo
Abafaka izicelo ababengamalungu iminyaka engaphansi kwemi-2	Cha	Yebo	Cha
Abafaka izicelo ababengamalungu iminyaka engaphezu kwemi-2	Yebo	Cha	Cha
Ukushintshwa kwenketho yokuhlomula	Cha	Cha	Cha
Ingabe ethembele elungwini ezalwe ngesikhathi sokuba yilungu	Cha	Cha	Akusebenzi Lokhu
Ukudluliswa ngaphandle kokuzikhetela ngenxa yokushintsha umsebenzi noma ukushintsha komqashi isikimu	Cha	Cha	Akusebenzi Lokhu

For you. For health. For life.

INQUBO YOKUFAKA ISIKHALAZO



Ubani ongafaka isikhalazo Ehhovisi lika-Registrar?

Noma yimuphi othembele elungwini noma nanoma yimuphi umuntu ongaphathekile kahle ngokuphathelene nokuziphatha kwesikimu sezokwelapha angafaka isikhalazo.

Kodwa-ke kubalulekile ukuthi lowo okungenzeka afake isikhalazo kumele aqale ngokuzama ukuxazulula izikhalazo ngokwezindlela zokufaka isikhalazo ezikhona kuleso sikimu sezokwelapha ngaphambi kokuyofuna usizo kuMkhandlu.

Ungathinta isikimu sakho ngocingo noma ngokubhalela Isikhulu Esiyinhloko sesikimu, usinikeze imininingwane egcwele yesikhalazo sakho.

Uma ungenelisiwe impendulo Yesikhulu Esiyinhloko, ungacela ukuthi udaba ludluliselwe Ekomidini Elibhekelele Ukungaboni Ngasolinye (Disputes Committee) lesikimu sakho.

Uma ungenelisiwe yisinqumo Sekomidi Elibhekelele Ukungaboni Ngasolinye, ungafaka isicelo

sokuphikisa nesinqumo kungekadluli izinyanga ezi-3 kusukela osukwini lwesinqumo esathathwa uMkhandlu. Ukuphikisa nesinqumo kumele kube ngamazwi alotshiwe afungelwe (affidavit) ebhekiswe kuMkhandlu.

Izikhalazo zingafakwa nganoma yiziphi izindlela ezikahle ezifana nencwadi, ifeksi, i-imeyli noma umuntu uqobo lwakhe Kumahhovisi ethu kusukela ngeMisombuluko ukuya koLwezihlanu ngo-08:00 - 17:00. Ifomu lokufaka isikhalazo litholakala ku-www.medicalschemes.com.

Isikhalazo sakho kumele sibhalwe phansi, sibe nale mininingwane elandelayo:

Amagama agcwele, inombolo yobulungu, inketho yomhlomulo, imininingwane yokuxhumana kanye nemininingwane egcwele yesikhalazo kanye nanoma yimaphi amadokhumenti noma ulwazi oluqinisa isikhalazo.

Uphiko Lomkhandlu Lokuxazulula Izikhalazo ngokuphathelene Nezikimu Zezokwelapha luyahlinzeka nangokucebisa ocingweni kanye nokubonwa bese kuxoxiswana nomuntu, uma kunesidingo.

8

Inqubo yokufaka isikhalazo.

Ubani ongakhalaza ngaye?

UMkhandlu Wezikimu Zezokwelapha ulawula imboni yezi-kimu zezokwelapha ngakho-ke isikhalazo sakho kumele sihambisane nesikimu sakho sezokwelapha.

Uma isikhalazo sakho siphathelene nanoma iyiphi ingxenywe yemboni yezempilo, sicela uvakashele izi-ndalwazi ezifanele:

- Ngokuphathelene nezikhalazo ezimayelana Nabasebenzi Bezempilo (odokotela) kanye nabasebenzisana nabo ngokuphathelene nomsebenzi wezempilo abafana nama-physiotherapist, ama-occupational therapist njill. - **www.hpcs.co.za** noma ushayele ku-**012 338 9300**
- Ngokuphathelene nezikhalazo ezimayelana Nezi-bhedlela Ezizimele - **www.hasa.co.za** noma ushayele ku-**011 784 6828**
- Ngokuphathelene nezikhalazo ezimayelana noNesi - **www.sanc.co.za** noma ushayele ucingo ku-**012 420 1000**
- Ngokuphathelene nezikhalazo ezimayelana nama-Broker - **www.faisombud.co.za** noma ushayele ucingo ku-**012 762 5000**
- Ngokuphathelene nezikhalazo ezimayelana nemikhizozo yomshwalense wezempilo - **www.osti.co.za** (i-ombudsman yomshwalense wesikhathi esifushane) noma ushayele ku-**012 762 5000**

Imikhawulo yesikhathi ngokuphathelene nokubhekana nezikhalazo

Inhloso yethu ukuhlinzeka ngohlelo lokuxazulula izinkinga olwenza konke kube sobala, olungenzeleli, olwenziwa ngokushesha futhi olukahle noluhambisa ngenkambiso efanele.

Ihhovisi lika-Registrar lizothumela okubhaliwe okuvuma ukuthi sifikile isikhalazo kungekadluli izinsuku ezi-3 zomsebenzi sitholakele, lihlinzeka igama, inombolo yerefurenshe kanye neminingwane yokuxhumana yomuntu ozobe ebhekelele isikhalazo.

Ngokuphathelene Nesigaba 47 soMthetho Wezikimu Zezokwelapha 131 we-1998 isikhalazo esibhaliwe esitholakele ngokuphathelene nanoma yiluphi udaba oluhlinzekelwe kuMthetho lizobhekiswa esikimini sezokwelapha. Isikimu sezokwelapha siphophelelele ukuthi sihlinzeke impendulo ebhalwe phansi ihhovisi lika-Registrar kungekadluli izinsuku ezingama-30.

Ihhovisi lika-Registrar ngemva kwezinsuku ezi-4 lithole isikhalazo kowengamele, lizohlaziya isikhalazo bese lisithumela esikimini sezokwelapha ukuze siphefumule ngaso.

Uma selithole impendulo evela esikimini sezokwelapha, Ihhovisi lika-Registrar lizohlaziya impendulo ukuze lithathe isinqumo noma lehlulele. Izingqomo/ukwehlulela kuzokwenziwa kungekadluli izinsuku zomsebenzi eziyi-120 kusukela osukwini lokudluliswa kwesikhalazo kanye nokuxoxisana nabanbandakanyekayo.



Ukwehlulela kuka- Registrar kanye nokufaka kumkhandlu isicelo sokuphikisa isinqumo

Isigaba 48 soMthetho sihlizekela noma ubani ongenelisekile ngesinqumo sika-Registrar ukuthi afake isicelo sokuphikisa naleso sinqumo. Lokhu kufaka isicelo sokuphikisa nesinqumo akuzoba nazindleko ezinhlangothi zombili.

Isicelo sokuphikisa nesinqumo kumele sifakwe kungekadluli izinyanga ezintathu futhi kumele sibe ngamazwi alotshiwe afungelwe (affidavit) aqondiswe kuMkhandlu. Ukusebenza kwesinqumo kuzomiswa kusalindwe ukubukezwa kodaba Yikomidi Lomkhandlu Elibhekelele Isicelo Sokuphikisa Isinqumo.

UnobhalaWekomidi Elibhekelele Isicelo Sokuphikisa Isinqumo uzokwazisa ababandakanyekayo ngosuku kanye nesikhathi sokulalelwa kwesicelo. Lesi saziso kumele sihlizekwe kungekapheli izinsuku eziyi-14 ngaphambi kosuku lokulalelwa kwesicelo.

Ikomidi Elibhekelele Isicelo Sokuphikisa Isinqumo kungenzeka emva kokulalelwa kwesicelo liqinise noma lishintshe leso sinqumo noma lisikhansela noma lithathe esinye isinqumo elisibona sinobulungiswa.

Uhlelo Lokufaka Isicelo Sokuphikisa Isinqumo Lwesigaba 50

Noma yiluphi uhlangothi olungenelisekile ngesinqumo esithathwe Yikomidi Elibhekelele Isicelo Sokuphikisa Isinqumo lungafaka isicelo sokuphikisa isinqumo Ebhodini Elibhekelele Isicelo Sokuphikisa Isinqumo. Uhlangothi olungenelisekile lunezinsuku ezingama-60 zokufaka isicelo sokuphikisa isinqumo futhi kumele lithumele isikhalazo salo esibhalwe phansi noma incazelo yokuthi kungani lufaka isicelo sokuphikisa isinqumo.

Ibhodi Elibhekelele Isicelo Sokuphikisa Isinqumo lizosho usuku, isikhathi kanye nendawo yokulalelwa kwesicelo futhi bonke ababandakanyekayo bazokwaziswa ngokubabhalala.

Ibhodi Elibhekelele Isicelo Sokuphikisa Isinqumo lizoba nesithangami endaweni evuleleke emphakathini ngaphandle uma usihlalo enquma ngenye indlela.

Ibhodi Elibhekelele Isicelo Sokuphikisa Isinqumo lizoba mandla Inkantolo Ephakeme enawo okubiza ofakazi, abafungise noma aqinise ngokuphathelele nobufakazi bawo, ukubahlola, ukuyalela ukukhiqizwa kwe-

zincwadi, amadokhumenti kanye nezinto. Isinqubo Sebhodi Elibhekelele Isicelo Sokuphikisa Isinqumo sibhalwa phansi futhi ikhophi yaso inganikezwa ababandakanyekayo. Imali ekhokhiswayo enqunyiwe u-R2000.00 ekhokhelwa Isigaba 50 Sokufaka Isicelo Sokuphikisa Isinqumo.


Izinsiza Zezomthetho Zamahhala

Umkhandlu Wezikimu Zezokwelapha, ndawonye ne-ProBono.Org sebesungule Isithangami Sokuhlizeka Ngezinsiza Zamahhala (Pro Bono Panel) samalungu ezikimu zezokwelapha. Abammeli bezomthetho bazohlizeka izinsiza mahhala kumalungu ezikimu zezokwelapha abangaboni ngasolinye nezikhwama zabo futhi ababhekene nobunzima noma abangakwazi ukukhokhela abammeli babo bezomthetho emacaleni afakwe Ekomidini Lomkhandlu Wezikimu Zezokwelapha Elibhekelele Isicelo Sokuphikisa Isinqumo noma Ebhodini Elibhekelele Isicelo Sokuphikisa Isinqumo.

Akuwona wonke amacala azodluliselwa Esithangamini Sokuhlizeka Ngezinsiza Mahhala. Uphiko Lwensiza Yezomthetho Yomkhandlu Wezikimu Zezokwelapha kanye ne-ProBono.Org bazothatha isinqumo sokudlulisela udaba ezimweni lapho amalungu kucacile ukuthi abhekene nobunzima. Ezinye zezinto ezizobhekwa zizohlanganisa inani lemali ebandakanyekayo kanye nesimo esehlele ilungu.

Ungakugwema kanjani ukukhalaza

- Qinisekisa ukuthi ufundile futhi uqonda imithetho yesikimu sakho.
- Funda isiqondiso sakho semihlomulo bese wazi kahle ngenketho yomhlomulo oyikhethile.
- Funda zonke izincwadi ozithunyelwa yisikimu sakho, isib. amaphephabhuku amalungu kanye nezitatimende.
- Qinisekisa ukuthi izimali ozikhokhayo zikhokhwa ngokugcwele futhi nangesikhathi zinyanga zonke.
- Khumbula: Gwema izikhalazo ngokuzitholela ulwazi!




Thinta Umkhandlu Wezikimu Zezokwelapha (CMS).



For you. For health. For life.


 **Isikhungo Sokunakekela
Amakhasimende**

0861 123 267 | 0861 123 CMS

 **Indawo Yokwemukela
Abantu (Reception)**

Ucingo 012 431 0500

Ifeksi 012 430 7644

 **Imibuzo jikelele**

Imibuzo nge-imeyli

information@medicalschemes.com

www.medicalschemes.com

 **Izikhazazo**

Ifeksi (086) 673 2466

I-imeyli complaints@medicalschemes.com

 **Ikheli leposi**

Private Bag X34, Hatfield, 0028

 **Ikheli lendawo**

Block A, Eco Glades 2 Office Park,
420 Witch-Hazel Avenue Eco Park
Centurion, 0157